

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA
(FAL)
IPHEPHA LESITHATHU (P3)
JUNI 2015**

IBANGA LE-12

AMANAKI: 100

ISIKHATHI: amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayisi-7

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Indaba	(50)
ISIQEPHU B:	Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(30)
ISIQEPHU C:	Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)

Phendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka)

6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A:	Amaminithi angama – 80
ISIQEPHU B:	Amaminithi angama – 40
ISIQEPHU C:	Amaminithi angama – 30

7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

8. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

9. Bhala izihlokwana ezifanele lapho zidingeka khona.

10. Ungazibali izihlokwana uma uma usubala inani lamagama.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.


ISIQEPHU A: UKUBHALA INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama anjama-190 kuya kwangama -240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba lube sekhasini lwalo lodwa.

- | | | |
|-----|--|------|
| 1.1 | Ununtu Engiyohlala Ngimkhumbula. | [50] |
| 1.2 | Bhala indaba egcina ngamagama athi:
.. ngafunda isifundo esihle. | [50] |
| 1.3 | Uuhle Nobubi Bokuhlala Nomkhulu. | [50] |
| 1.4 | Oraziwayo Nabo Bayawenza Amaphutha. | [50] |
| 1.5 | Kingabe izikole zililungisele Ngokwanele Ikusasa labafundi ? | [50] |
| 1.6 | Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso indaba. Nika indaba isihloko esifanele. | |


1.6.1



[Sicashunywe ku-googlepicture.com]

[50]


1.6.2



[Sicashunywe ku-www.arrivealivecampaine.com]

[50]

1.6.3



[Sicashunywe ku-www.pictures.com]

[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A : 50

ISIQEPHU B : IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMB UZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 Incwadi Esemthethweni

Izingane zesikole senu zinenkinga yamabhasi esikoleni. Bhalela uNgqongqoshe weZokuthutha incwadi yomthetho ucele ukuba asize akhulume nenkampani yamabhasi ukuba kube namabhasi azothutha (transport) izingane zesikole kuphela ukuze zikwazi ukufika ngesikhathi esikoleni.

2.2 Umlando Ngomufi

Umngani wakho enifunda naye ushone engozini yemoto. Umndeni ukucele ukuba ubhale umlando wakhe ozofundwa enkonzweni yomngcwabo wakhe. Bhala umlando ngomufi.

[30]**2.3 I-Ajenda Namaminithi Omhlangano**

Bekunomhlangano wabafundi nothishanhlolo kuboniswana ngokushintshwa komfaniswano/iyunifomu yesikole. Wena njengonobhala wenhlangano emele abafundi esikoleni, bhala i- Ajenda namaminithi alo mhlango.

[30]**2.4 Ingxoxo**

Uthole ithuba lokudlala ibhola likanobhutshuzwayo elikhokhelwayo. Unenkinga yokuthi kufanele uyeke ukufunda. Bhala ingxoxo phakathi kwakho nothisha omkhulu ekubonisa ngokubaluleka kwemfundo.

[30]**AMAMAKI ESIQEPHU B : 30**

ISIQEPHU C

UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 Isikhangisi

Umndeni wakho uvule indawo yokulala eduze kolwandle kanye nenxanxathela yezitolo.

Bhala isikhangisi esizoheha izivakashi ukuze zize kule ndawo yakini.

[20]

3.2 Idayari

Ungumfundi webanga leshumi nambili. Sekusele isonto elilodwa bese kuqala ukuhlolwa kokuphela konyaka. Manje uthathe iholidi lezinsuku ezinhlanu ukuze uphumule ngaphambi kokubhala ukuhlolwa. Bhala idayari.

[20]

3.3 Iresiphi

Ufuna ukupheka kamnandi ngoba ekhaya kuzofika izivakashi. Bhala iresiphi yenyama yesitshulu senkomo.

[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C : 20

AMAMAKI ESEWONKE : 100

